



social development

Department:  
Social Development  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

## UHLU LWABAZALI LOKUHLOLA

**mayelana nokuvulwa kabusha kwezinhlelo zokuthuthukiswa kokuqala kwezingane noma izikhungo eziyingxenyeyokunakekelwa ezinikeza ukusizakala uma isikole sesiphumile ngezindlela zokubhekela, ukuvikela nokunqanda ukubhebhetheka kwe COVID-19 ngaphambi kokuvulwa kabusha nokwamukelwa kabusha kwezingane.**

UNgqongqoshe Wezokuthuthukiswa Komphakathi ucabanga ukuvula kabusha izikhungo zokuthuthukiswa kokuqala kwezingane (ECD) ( izindawo eziyingxenyeyokunakekelwa ezinikeza ukuthuthukiswa kokuqala ezinganeni ngokwesigaba 93(5)(a) Somthetho), amaqembu okudlala, abanakekeli bezingane(omama ababheka izingane emini) imitapo yolwazi yamathoyizi, izinhlelo zokuthuthukiswa kokuqala kwezingane ezingomahamba nendlwane, izikhungo eziyingxenyeyokunakekelwa ezinikeza ukusizakala kokufunda kokuqala uma isikole sesiphumile, izinhlelo zokunakekelwa nokuthuthukiswa ngoko Mthetho Wezingane 38 wezi 2005. Ungqongqoshe uzomemezela usuku lokuvulwa kabusha kwi Gazethi ka Hulumeni nasezinkundleni zokuxhumana.

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi noMnyango wezokuThuthukiswa kweMiphakathi kumele baqaphele izinto ezimbalwa, kanye nobufakazi ngokutheleleka nge COVID 19 nemiphumela ngaphambi kokuthi aqoke ukuvula kabusha izinhlelo ezibalulwe ngenhla. **UNgqongqoshe uyazi ukuthi uma enza isimemezelo sokuvulwa kabusha kwesikhungo sokuthuthukiswa kokuqala kwezingane noma izikhungo eziyingxenyeyokunakekelwa ezinikeza ukuthuthukiswa kokuqala ezinganeni lokhu kuhambisana nokululeka abazali ngokuthi kuphephile ukubuyisela izingane kulezi zinhlelo, uma bezikhethela ukwenze njalo.**

Kubalulekile kubazali ukuba baqaphele ukuthi isinqumo sokubuyisela izingane zabo ezinhlelweni zokuthuthukiswa kokuqala kwezingane noma ezikhungweni eziyingxenyeyokunakekelwa akuphoqelekile futhi kuyisinqumo somzali noma umbheki osemthethweni. Ngakhoke, abazali banelungelo lalokhu okulandelayo ngaphambi kokucabanga ukubuyisela izingane zabo ezikhungweni zokuthuthukiswa kokuqala kwezingane noma ezikhungweni eziyingxenyeyokunakekelwa:

1. Baziswe ngezindlela zokubhekana. nokuvikela nokunqanda ukubhebhetheka kwe COVID-19 okuthathwe esikhungweni sokuthuthukiswa kokuqala kwezingane noma esikhungweni esiyingxenyeyokunakekelwa ukulungiselela ukuvulwa kabusha ngaphambi kosuku lokuvulwa kabusha.
2. Baziswe ngenqubo nendlela ezolandelwa ohlelweni lokuthuthukiswa kokuqala kwezingane noma esikhungweni esiyingxenyeyokunakekelwa ukubhekela, ukuvikela nokunqanda ukubhebhetheka kwe COVID-19.
3. Baziswe ukuthi ayikho ingane, kubandakanya nengane ekhubazekile, ebisezinhlelweni zokuthuthukiswa kokuqala kwezingane noma esikhungweni eziyingxenyeyokunakekelwa ngenyanga okwamenezelwa ngayo isimo senhlekelele ka Zwelonke enganqatshelwa ukwamukelwa futhi ezinhlelweni zokuthuthukiswa kokuqala kwezingane noma esikhungweni esiyizingxenyeyokunakekelwa ebikuso, ngaphandle kwalapho kukhonjiswe khona esigabeni se-4.
4. Baziswe ukuthi ingane enesimo noma izimo zezempilo ephila nazo ezingabeka leyongane esigabeni esiyingcuphe enkulu kunejwayelekile njengoba kuchazwe umnyango wezempilo kungenzeka ingabuyi esikhungweni sokuthuthukiswa kokuqala kwezingane ngaphandle kokuthi udokotela enikeze imvume ebhaliwe ukuthi kuzobe kuphephile ukuthi ingane enjalo ibuye futhi ihlanganyele ezinhlelweni zokuthuthukiswa kokuqala kwezingane noma esikhungweni esiyizingxenyeyokunakekelwa.
5. Ukubuza nokuhlinzekwa ngolwazi olumayelana nenqubo nezinyathelo zokubhekela, ukuvikela nokunqanda ukubhebhetheka kwe COVID-19 ohlelweni lokuthuthukiswa kokuqala kwezingane noma esikhungweni esiyingxenyeyokunakekelwa ngaphambi kokuthi athathe isinqumo sokubuyisela noma sokungayibuyiseli ingane (sebenzisa uhlu lwabazali lokuhlola ukusiza ngalokhu).

<b>Uhlu lwabazali lokuhlola</b>			
1	Ulwazi oluvela esikhungweni mayelana nokuvulwa kabusha nalo lonke ulwazi olufanele engingaludinga	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
2	Ngitsheliwe ukuthi ukubuyela kwengane/kwezingane zami ezinhlelweni zokuthuthukiswa kokuqala kwezingane noma esikhungweni esiyingxenywe yokunakekelwa akuphoqelekile futhi kuyisinqumo sami	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
3	Ngilunikeziwe ulwazi lokulungiselela ingane yami zonke izinsuku ngaphambi kokuthi iye ezinhlelweni zokuthuthukiswa kokuqala kwezingane noma izikhungo eziyizingxenywe yokunakekelwa.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
4	Ulwazi olumayelana nezimpawu zansuku zonke ukuhlola uma ungena noma uphinda ungena futhi emagcekeni	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
5	Amagceke nezinto ezisetshenziswayo zihlanziwe ngaphambi kokuvula kabusha	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
6	Azohlanzwa kanjani amagceke nezinto ezisetshenziswayo nsuku zonke ukuvikela nokugwema ukubhehetheka kwe COVID-19	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
7	Bonke abasebenzi baqeqeshiwe/ ngezindlela zokubhekana, ukuvikela nokunqanda ukubhehetheka kwe COVID-19	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
8	Ngiceliwe ukuba nginikeze imininingwane yami neyomunye engingathintwa kuyo uma kungenzeka ingane yami igule badinge ukungithinta.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
9	Kunenqubo nezinyathelo ezibekiwe ukulawula ukungena	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
10	Ulwazi ngenqubo eyolandelwa uma ingane yami noma enye ingane igula noma ikhombisa izimpawu ezihlobene ne COVID-19	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
11	Ulwazi lokuthi uhlelo lokuthuthukiswa kokuqala kwezingane noma isikhungo esiyingxenywe yokunakekelwa sibhalisiwe njengoba kufuneka Ngokomthetho Wezingane Umthetho 38 we 2005, uma singakabhalisi, iziphi izinyathelo ezizolandelwa ukuze sibhalise.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
12	Ulwazi ngezinyathelo nenqubo yokuhlaliswa ngayedwa nokunakekelwa kwezingane ezivukwa ukugula phakathi nosuku	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
13	Ulwazi ngenqubo eyolandelwa uma omunye wezisebenzi egula noma ekhombisa izimpawu ezincike ku COVID-19	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
14	Ulwazi olungabeka ingane ephila nokugula okuthile engcupheni enkulu kunaleyo esesigabeni esijwayelekile engeke ibuye, ngaphandle kokuthi udokotela enikeze imvume ebhaliwe yokuthi kuzobe kuphephile ukubuya kwengane enjalo ibuye ihlanganyele ezinhlelweni zokuthuthukiswa kokuqala kwezingane noma esikhungweni esiyingxenywe yokunakekelwa.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
15	Ulwazi ngendlela efanele nengafanele yokugqoka izimfonyo uma behlanganyele ezinhlelweni zokuthuthukiswa kokuqala kwezingane noma esikhungweni esiyingxenywe yokunakekelwa.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
16	Indlela okuzoqhelelwana ngayo noma kulungiswe ukuqhelelwana komphakathi	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
17	Ngitsheliwe ukuthi ingane kumele iphelezwe umzali noma umbheki osemthethweni, noma uma kungenakwenzeka ngenxa yezizathu ezinqala, umuntu oqokwe umzali noma umbheki osemthethweni, abe khona njalo uma ingane ifika ngenhloso yokuhloliswa izimpawu.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>

This is the *isiZulu* version of the **Parents' Checklist** published under the signature of the Acting Director General on 23 June 2020. The original English version remains the official version.